

Ukuphila KobuKristu



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Romans 14–16.

Indimana Yekhanda:

“Kungani wehlulela umzalwane wakho na? noma kungani wedelela umzalwane wakho na? ngokuba siyakuma phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaKristu” (Roma 14:10).

Sisesigabeni sokugcina manje sesifundo sethu sabaseRoma, Incwadi okuphuma kuyo i-Protestant Reformation—incwadi ngaphezu kwazo zonke ezinye okumele, nembala, isibonise ukuthi kungani Singama-Protestant nokuthi kungani sihlala sinjalo. Njengama-Protestant, futhi ikakhulu njengama-Seventh-day Adventist, sincika phezu kwesimiso sika-Sola Scriptura, iBhayibheli kuphela njengezinga lokukholwa. Futhi kukulo iBhayibheli lapho sifunde iqiniso elifanayo nalelo elenza okhokho bethu eminyakeni eminingi edlule ukuba baphume eRoma—iqiniso elikhulu lokusindiswa ngokukholwa, iqiniso elethulwa ngamandla nguPawule ezincwadini KwabaseRoma. Mhlawumbe yonke lento ingashiwo kafushane ngombuzo womgcini-jele ongumhedeni, “Yini engingayenza ukuba ngisindiswe na?” (Zenzo 16:30). KwabaseRoma, siyitholile impendulo yalowombuzo—futhi impendulo akuyona le ibandla elalinyikeza ngesikhathi sika-Luther. Yingakho kwaqala i-Reformation, futhi sesilapha namuhla. Kulesi, isigaba sokugcina, uPawule uthinta ezinye izihloko, mhlawumbe ezingewona umongo wendikimba yakhe enkulu, kepha zibalulekile ukuba zifakwe encwadini yakhe. Ngalokho, kithina, ziyiZibhalo ezingcwele nazo. UPawule wayiphetha kanjani incawdi yakhe, yini ayibhala, futhi yimaphi amaqiniso esingawathola, thina zindlalifa hhayi kuphela zikaPawule kodwa, nembala zokhokho bethu bama-Protestant na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-December 30.*

Ukuba Buthakathaka Ekukholweni

KwabaseRoma 14:1-3, umbuzo umayelana nokudla izinyama ezinikelwa ezithixweni. Isigungu saseJerusalema (Zenzo 15) sasinqume ukuthi abeZizwe abaguqukile kumele bangakudli ukudla okunjalo. Kodwa kwakulokhu kunombuzo wokuthi izinyama ezithengiswa ezimakethe zomphakathi zaziqhamuke ezilwaneni ezazinikelwe ezithixweni yini (buka u-1 Kor. 10:25). Amanye amaKristu ayenganandaba nalokho; amanye, uma ayenokungabaza okuncane, ayekhetha ukudla okutshaliwe. Udaba lwalungahlangene nokungayidli inyama kanye Nokuphila ngezempilo. Futhi noPawule akagudlisi kulesisahluko ukuthi ukwahlukanisa phakathi kwenyana ehlanzekile nengahlanzekile kwasekuchithiwe. Lokhu akusona Isihloko sodaba lapha. Uma amazwi athi “angadla zonke izinto” (Rom. 14:2) ethathwa njengachaza ukuthi manje noma yiziphi izilwane, ezihlanzekile nezingahlanzekile, sezingadliwa, kuyobe awasetshenziwe ngokungakho. Ukuqhathanisa nezinye izahluko zeTestamente Elisha bekuyophikisana nalokhu kusetshenziswa. Kusenjalo, “ukwamukela” obuthakathaka enkolweni kwakuchaza ukuba anikezwe ubulungu obuphelele. Lowomuntu kwakungamele kuqaguliswane naye kodwa anikezwe ilungelo lombono wakhe.

Yisiphi isimiso okumele sisithathe-ke KwabaseRoma 14:1–3 na?

Kusemqoka futhi ukuba sibone ukuthi KwabaseRoma 14:3 uPawule akakhulumi kabi ngalowo “obuthakathaka enkolweni” abaseRoma 14:1. Futhi akaniki lomuntu iseluleko sokuthi kumele aqine kanjani. NgokukaNkulunkulu, lowomKristu ocophelela kakhulu (okuthiwa uyacophelela, hhayi nguNkulunkulu kepha ngabazalwane bakhe) wamukelekile. “UNkulunkulu umamukele.”

AbaseRoma 14:4 bakugqamisa kanjani lokho esesikubukile na?

Nakuba kumele sikhumbule izimiso ezisesifundweni sanamuhla, azikho yini izikhathi nezindawo lapho kudingeke ukuba singenelele sahlulele, uma kungeyona inhliziyo yomuntu, okungenani izezo zakhe na? Ngabe kumele sihlehle singenzi lutho kuzo zonke izimo na? UIsaya 56:10 uchaza abalindi njenge-“zinja eziyizimungulu, ezingakwazi ukukhonkotha.” Singazi kanjani ukuthi kumele sikhulume nini nokuthi sithule nini na? Singalinganisa kanjani ngokufanele na?

Ngaphambi Kesihlalo Sokwahlulela

Funda abaseRoma 14:10. Yisiphi isizathu asinikeza lapha uPawule sokuthi kumele siqikelele indlela esahlulela ngayo abanye na?

Sinomkhuba wokwahlulela ngokuqinile ngezinye izikhathi, futhi imvamisa kuba ngalokho esikwenzayo nathi. Imvamisa, nokho, esikwenzayo akubukeki kukubi kangako kithi njengalokhu abanye bekwenza. Singazilutha ngokuzenzisa kwethu, kodwa hhayi uNkulunkulu, owasixwayisa: “Ningehluleli, ukuze nani ningahlulelwa. Ngokuba ngokwahlulela engikwenzayo, niyakwahlulelwa nani: futhi ngesilinganiso enisnikezayo, kuyolinganiswa ngokufanayo nakini. Kungani ubona ucezwana esweni lomzalwane wakho, kodwa ungaluboni ugonqolo esweni lakho na? Noma ungasho kanjani kumzalwane wakho, ngivumele ngisuse ucezwana esweni lakho; kodwa esweni lakho kunogongolo na?” (Matt. 7:1–4).

Yini okubalulekile ngomusho weTestamente Elidala uPawule awethulile lapha na? Rom. 14:11.

Isicaphuno esiphuma kuIsaya 45:23 siphasa umqondo wokuthi bonke kumele bavelele ukwahlulelwa. “Onke amadolo” “zonke izilimi” kwenza isamanisi elibhekana nomuntu ngamunye. Isixabhelelo ngokuthi ngamunye kumele siphendule ngezinto zethu (Rom. 14:12). Akekho ongaphendulela omunye. Kulomqondo osemqoka, asibona abagcini babazalwane bethu.

Sikhumbula ingqikithi, sikuqonde kanjani okushiwo nguPawule kwabaseRoma 14:14 na?

Udaba kusewukudla okunikelwe ezithixweni. Udaba, ngokusobala, akulona olokwehlukana phakathi kokudla okuhlanzekile nokungahlanzekile. UPawule uthi lapha akukho okungalunile, nokho, ekudleni ukudla ongase kube kunikelwe ezithixweni. Nembala, besiyini isithixo na? Asilutho (buka u-1 Kor. 8:4), ngakho-ke Ngubani onendaba uma umhedeni othile enikela ukudla esithixweni sexoxo noma senkunzi na? Umuntu akumele enziwe aphikisane nonembeza wakhe, noma ngabe lowonembeza uzwela kangakanani. Lokhu “abaqinile” babengakuqondi. Babebukela phansi ukucophelela kwabazalwane “ababuthakathaka” futhi bebeka izikhubekiso endleleni yabo.

Ngabe wena, ekushisekeni kwakho ngenkosi, usengozini yalokho uPawule axwayisa ngako lapha na? Kungani kumele siqaphele ekungafunini ukuba sibe ngunembeza wabanye, nakuba izinhloso zethu zizihle na?

UngaKhubekisi

Funda abaseRoma 14:15–23 (buka futhi u-1 Kor. 8:12, 13). Yisho kafushane umongo walokho uPawule akusho lapha. Yisiphi isimiso esingasithatha kulesisahluko esingasisebenzisa kuzo zonke izigaba zempilo yethu na?

KwabaseRoma 14:17-20 uPawule ubeka izigaba ezahlukene zobuKristu endaweni yazo efanele. Nakuba ukudla kusemqoka, amaKristu akumele alwe ngokukhetha kwabanye abantu ukudla imifino kunokudla inyama ongase kube yanikelwa ezithixweni. Kunalokho, kumele bagxile ekulungeni, ekuthuleni, nasenjabulweni kuMoya oNgcwele. Singawusebenzisa kanjani lomqondo emibuzweni ngokudla ebandleni lethu na? Nakuba isigijimi sezempilo, ikakhulu izimfundiso ngokudla, singaba yisibusiso kithina, akuthina sonke esibona lesisihloko ngendlela efanayo, futhi sidinga ukuhlonipha lokhu kwehlukana.

KwabaseRoma 14:22, phakathi kwakho konke lokhu kukhuluma mayelana nokuyekela abantu konembeza babo, uPawule uthayisele ngokunye okuthathekisayo: “Ubusiwe umuntu ongazilahli ngecala ngalokho akuvumelayo” (NIV). Yisiphi isixwayiso asinikezayo uPawule lapha na? Lokhu kulinganisa kanjani konke abekusho kulengqikithi na?

Usuke wamuzwa othile ethi, “Akudokwe ligayelwe omunye umuntu ukuthi mina ngidlani noma ngigqokani noma ngizithokozisa ngani na? Ngabe kunjalo na? Akekho kithina oziphilelayo nje. Izenzo zethu, amazwi ethu, Ukwenza kwethu, nakho ukudla kwethu kungabathinta abanye, ngobuhle noma ngobubi. Akulukhuni ukubona ukuthi kanjani. Uma othile obukela kuwe ekubona wenza “okungalungile,” lokho kungaba yisibonelo esingaba nethonya lokuthi enze okufanayo. Siyazilutha uma sicabanga ngenye indlela. Ukuphikisana ngokuthi awuzange umphoqe lowo muntu akulona udaba. NjengamaKristu, sinomthwalo ngomunye nomunye, futhi uma isibonelo sethu singaholela omunye ophathe, sinecala.

Sibonelo sini osibonisayo na? Ungakhululeka nokuba nabanye, ikakhulu abantu abasha noma amakholwa amasha, belandela isinonelo sakho kuzo zonke izigaba na? Impendulo yakho ithini ngawe na?

Ukugcina Izinsuku

Kulengxoxo emayelana nokungahluleli abanye abasenokungaboni ngaso linye nathi, futhi nokungabi yisikhubekiso kwabanye abangakhubeka ngenxa yezenzo zethu, uPawule uveza udaba lwezinsuku esikhethekileyo abanye abafuna ukuzigubha abanye bengafuni.

Funda abaseRoma 14:4-10. Kumele sikuqonde kanjani lokho okushiwo nguPawule lapha na? Ngabe lokhu Kukhona okukusho ngomthetho wesine na? Uma kungenjalo, kungani na?

Yiziphi izinsuku akhuluma ngazo uPawule na? Ngabe kwakunempikiswano ebandleni lokuqala mayelana nokugcina nokungacini izinsuku ezithile na? Kubukeka kunjalo. Sithola isikisela ngalempikiswano kwabaseGalathiya 4:9,10, lapho uPawule ethethisa amaKristu aseGalathiya ngokugcina “izinsuku, nezinyanga, nesikhathi, neminyaka.” Njengoba siphawulile esifundweni 2, abanye ebandleni babegqugquzele amaKristu aseGalathiya ukuba asoke futhi agcine ezinye izimiso zomthetho kaMose. UPawule wayesaba ukuthi lemiqondo ingalimaza ibandla laseRoma futhi. Kodwa mhlawumbe eRoma kwakunamaJuda angamaKristu ayenobunzima bokugqugquzela ukuba babengasadingile ukugcina imikhosi yamaJuda. UPawule lapha uthi: Yenzani ngokuthanda kwenu kuloludaba; okusemqoka ngukuthi ningahluleli labo abangaboni ngasolinye nani kuloludaba. Kubukeka engathi amanye amaKrsitu, ukuze aphephe, anquma ukugcina owodwa noma eminingi imikhosi yamaJuda. Iseluleko sikaPawule sithi: mabayekwe benze njengalokhu beqhutshwa. Ukufaka iSabatha lamaviki onke kabaseRoma 14:5, njengoba abanye besho, akunasizathu. Ungamcabanga uPawule ekhuluma ngendlela engubudedengu mayelana nomthetho wesine na? Njengoba sibonile kuyo yonke lekota, uPawule ugqizelele kakhulu ukulalela umthetho, ngalokho ngokuqinisekile ubengeke afake umthetho weSabatha esigabeni esifanayo nabantu ababenekinga ngokudla ukudla okungase kube kunikelwe ezithixweni. Nakuba zijwayeleke kangakanani lezizahluko njengezibonelo zokuthi iSabatha losuku lwesikhombisa alusenabopho, azisho kanjalo.ukusetsenziswa kwazo ngaleyondlela yisibonelo esikhulu salokho uPetro axwayisa ukuthi abantu babekwenza ngezibhalo zikaPawule: “Njengoba futhi ezincwadini zakhe zonke, ekhuluma kuzo lezizinto; ezinye zazo zilukhuni ukuba ziqondwe, okuthi labo abangafundile nabangazinzile bebanekinga, njengoba benzenjalo nakwezinye izibhalo kube ngukubhubha kwabo” (2 Pet. 3:16).

Abe yini amava akho mayelana neSabatha na? Ngabe libe yisibusiso okumele libe yiso na? Yiziphi izinguquko ongazenza ukuze ube namava apheleleyo kulokho uJehova akunikeza kona kwiSabatha na?

Amazwi Okugcina

Funda abaseRoma 15:1-3. Yiliphi iqiniso lobuKristu elibalulekile elatholakala kulesisahluko na?

Yiziphi izindlela lesisahluko ezikuveza kahle okuningi okuchaza ukuba ngumlandeli kaJesu na?

Yiziphi ezinye izindimana ezifundisa umqondo ofanayo na? Okusemqoka kunakho konke, ungasiphila kanjani lesisimo na?

Njengoba uPawule ephetha Incwadi yakhe, yiziphi Izibusiso ezahlukene azisho na? Rom. 15:5, 6, 13, 33.

UNkulunkulu wokubekezela kuchaza uNkulunkulu olekelela abantwana Bakhe ukuba babezele. Igama loku “bezezele,” hupomone, lichaza “ukuqiniselela,” “ukubekezela okuqinile.” Igama loku “duduzeka” lingahumushwa njengoku “khuthazeka.” UNkulunkulu wokukhuthazeka nguNkulunkulu okhuthazayo. UNkulunkulu wethemba nguNkulunkulu onikeze isintu ithemba. Ngokunjalo, uNkulunkulu wokuthula nguNkulunkulu onikeza ukuthula futhi okukuye sithola ukuthula.

Emuva kokubingelela okuningi, uPawule uyivala kanjani Incwadi yakhe na? Rom. 16:25–27.

UPawule uyivala Incwadi yakhe ngokudumisa uNkulunkulu okumangalisayo. UNkulunkulu nguyena amaKrsitu aseRoma, kanye nawo onke amaKrsitu, angabeka kuye ithemba lawo ngokuphepha futhi ongaqinisa ukuma kwawo njengamadodana namadodakazi ahlangeniweyo kaNkulunkulu, elungisisiwe ngokukholwa futhi manje eholwa nguMoya kaNkulunkulu. Siyazi ukuthi uPawule wayephefumulelwe nguJehova ukuba abhale lencwadi ngokuphendula isimo esithile ngesikhathi esithile. Esingakwazi yimininingwane yonke emayelana nalokho uJehova akwambulela uPawule ngekusasa. Yebo, uPawule wayazi “ngokuhlubuka” (1 Thes. 2:3), ukuthi wayaza okungakanani, izibhalo azisho. Kafushane, asazi ukuthi ngabe uPawule wayenokusikisela ngendima izibhalo zakhe, ikakhulu lencwadi, eyayizoba nayo ezigamekweni zokugcina. Ngomunye umqondo, akubalulekile lokho. Okubalulekile ngokuthi kulembhalo ubu-Protestant bazalwa, futhi kuyo labo abafuna ukuhlala bethembekile kuJesu banikezwe isisekelo sezibhalo sokubeka ukukholwa ngokuzinikela kwabo kuso, nalapho izwe limangala “emuva kwesilo” (Rev. 13:3).

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, “*Unity and Love in the Church*,” pp. 477, 478; “*Love for the Erring*,” pp. 604–606, in *Testimonies for the Church*, vol. 5; “*Helping the Tempted*,” p. 166, in *The Ministry of Healing*; p. 719, in *The SDA Bible Commentary*, vol. 6. “Ngaboniswa ingozi yabantu bakaNkulunkulu ekubukeni Umzalwane noDade White futhi becabanga ukuthi kumele beze kubo nemithwalo yabo bazofuna iseluleko kubo. Lokhu akumele kubenjalo. Bamenywe nguMsindisi wabo onesihawu, nothando ukuba beze Kuye, lapho bekhathele futhi bethwele kanzima, futhi uyakubaphumuza. . . . Abanengi beza kithi nombuzo: Ngingakwenza lokhu na? Ngingaba yingxenywe yalomsebenzi na? Noma, mayelana nokugqoka, Ngingakugqoka lokhu noma lokhuya na? Ngiye ngiphendule ngokuthi: Nithi ningabafundi bakaKristu, fundani amaBhayibheli enu. Fundisisani futhi ngokukhuleka ngempilo yoMsindisi wethu othandekayo ngenkathi ehlala phakathi kwabantu emhlabeni. Lingisani impilo Yakhe, futhi ngeke naduka endleleni engumcingo. Siyala ukuba ngunembeza wenu. Uma sinitshela ukuthi nenzeni, nizobuka thina ukuba sinihole, kunokuba niziyele nina kuJesu.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 118, 119. “Akumele sibeke umthwalo womsebenzi wethu phezu kwabanye, futhi silinde kubo ukuba basitshela okumele sikwenze. Asikwazi ukuncika ezelulekweni zabantu. UJehova uzakusifundisa umsebenzi wethu ngokuvuma Kwakhe. . . . Labo abakhetha ukungenzi lutho okungadumaza uNkulunkulu, bayokwazi, emuva kokwethula udaba lwabo Kuye, okumele bakwenze.”—*The Desire of Ages*, p. 668. “Kulokhu kukhona labo ebandleni abathambেকে ekuncikeni kwabanye ngasonke isikhathi. Babonakala bengakwazi ukubona ukuthi lokho kuncika komoya kungaholela ukuba isithunya somuntu sizethembe kakhulu futhi sithembe ukucabanga kwaso kunokuhlonipha iseluleko kanye nokuthathela phezulu abanye abazalwane.”—*The Acts of the Apostles*, pp. 163, 164.

Imibuzo Yokuxoxisana:

Sinikezwe ezinye izindikimba zaleliviki, thina njengamaKristu sikuthola kanjani ukulinganisa okulungile:

- (a) Ekuthembekeni kulokho esikholwa kukho, kepha singahluleli abanye abangaboni ngasolinye nathi na?**
- (b) Ekuqinisekeni kunembeza wethu nokungafuni ukuba ngunembeza wabanye, futhi kusenjalo sifune ukusiza abanye esikholwa ngokuthi basephutheni na? Sikhuluma nini futhi sithula nini na? Sibanecala nini uma sithula na?**
- (c) Ekukhululekeni kuJehova futhi kusenjalo sibone umthwalo wethu wokuba yizibonelo ezinhle kulabo ababukela kithina na?**

